

Kusatheleleka abayi-250 000 nge-HIV njalo kuleli

Thobile Zwane

UCWANINGO lwakamuva lwe-Human Sciences Research Council, luthi bangaphezulu kwezi-250 000 abantu abatheleleka kabusha ngegcwane le-HIV eNingizimu Afrika minyaka yonke. Lokhu kuvele kwingqungquthela yaminyaka

yonke yengculazi ebizwa nge-9th South African AIDS Conference isiqubulo sayo esithi “Unprecedented Innovations And Technology HIV And Change” ebise-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre ngeledlule.

Usekela Mengameli weZwe uDavid Mabuza obethula inkulumo yakhe uthe iNingizimu


Afrika ayenzi okwanele ukugwema ukutheleleka okusha kwegciwane le-HIV.

"I-HIV ne-Aids iyaqhubeka nokuthinta zonke izici zempilo zethu ngaphandle kwemithi njengoba kubonakala ngokucacile ukuthi lesi sifo siyasithinta ngokwezenhlahakahle, ngokomqondo, ezomnotho

nakwezomoya,"esho.

UMabuza uthe akufanele sidembesele ekuqedeni lesi sifo kodwa kufanele silekelele ososayensi nabacwaningi ngezindlela zokulwa futhi siqedwe lesi sifo, okungumsebenzi wawo wonke

• **Luqhubeka ekhasini 2**



USEKELA Mengameli weZwe uDavid Mabuza ethula inkulumo engqungqutheleni yengculaza yesi-9 ebise-ICC eThekwini muva nje